Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMZINYATHI DISTRICT

**IBANGA LESI-8**

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## ITHASKHI YESI-5

## ISIVIVINYO SAMAPHAKATHI NONYAKA

## NHLANGULANA- 2023

Stanmorephysics.com

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe **IZIQEPHU EZINTATHU**

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A** | **: Isifundo sokuqondisisa** | **(20)** |
| | **Umbhalo obukwayo** | **(10)** |
| **ISIQEPHU B** | **: Ukufingqa** | **(10)** |
| **ISIQEPHU C** | **: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi engqikithini** | **(20)** |

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo
3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni
5. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye
6. Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho

**AMAMAKI : 60**

**ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2**

Leliphepha linamakhasi ayisi-6

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A**
**UMBUZO 1**

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

Fundisisa lo mbhalo olandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**BAYOBONGWA NINI?**

Abasebenzi abaningi basezindlini, abasemapulazini, abathutha udoti neminye imisebenzi efuze leyo kuvamile ukuba babukelwe phansi, kungagcini lapho nesithunzi sabo sidicilelwe phansi. Akulungile ukucwasa abantu abathile abenza imisebenzi edelelekile ngoba wena uphila kangcono noma wenza umsebenzi ongcono kunowabo. Sewuyanda lo mkhuba, kepha akekho owunqandayo ukuze uphele emphakathini. Babongwa nini laba bantu abenza imisebenzi abanye abayibukela phansi? Wonke umuntu unesithunzi adalwa naso.

Abasebenzi basezindlini abahlala nabaqashi babo bakubona bakubeletha ngoba abanasikhathi sokungena nesikhathi sokuphuma. Labo abahlala nemindeni yabo **bavuka kusempondozankomo**, bavike izigebengu, bashiye imizi yabo bengabonanga nokuthi izingane zabo zilale kanjani. Bajaha lezi zabaqashi ezidinga ukulungiselelwa konke ezikudingayo. Umsebenzi usuke usubabiza ingekho indlela yokudembesela. Ubabona ngisho besebenza ukuthi bayawujabulela umsebenzi wabo. Igceke lomuzi womqashi lidonsa amehlo ngenxa yakhe lo msebenzi osebenza ngisho **likhipha umkhovu etsheni**. Kukho konke lokho kuzimisela izithukuthuku zabo ziphelela ezeni bengabongwa muntu.

Ukubekezela kwabasebenzi akunamkhawulo ngisho izingane zabaqashi seziqhuba intwala ngewisa. Ubusaphasapha zingcolisa kube sengathi akuqoqwanga endlini. Bathi noma bephekile kube khona ezikhononda ngokuthi zona aziyidli leyo nto. Kwesinye isikhathi asukelwe nje umuntu omdala kuthiwe webe ukudla noma imali. Kuyenzeka bahlukunyezwe nangokocansi ngabaqashi babo kodwa bafele ngaphakathi okwebutho likaZulu, bengeke batshele muntu ngoba bevikela imisebenzi yabo.

Kubi ukubona umuntu omdala ebizwa ngegama ngenxa yokuthi uncenge umsebenzi. Lesi sihlava sesehlele ngisho nendlu emnyama. Izingane sezibabiza ngamagama abasebenzi basezindlini ngenxa yokuthi zizwa abantu abadala. Kunomunye umkhuba osuwandile wokubiza laba basebenzi basezindlini ngo-anti noma ngabe bancane kangakanani ngokweminyaka. Kunganjani ukuba babizwe ngokweminyaka yabo njengophawu lokukhombisa inhlonipho? Kuyenzeka ezinye izingane zibe nomkhuba wokungafuni ukukhuzwa umsebenzi ngoba zizwa abazali bekhuluma noma ikanjani ngaye. Zibuye zimcokofule zithi uqeda ukudla, athule, ajabhe engavikelwa muntu.

Ngezinsuku ezithile amaloli okuthutha udoti asuke ephansi phezulu eqoqa udoti. Umsebenzi onzima lo. Abantu abaningi abakhombisi ukubahlonipha laba bantu, kunalokho babehlisa isithunzi. Abanye bangcolisa ngamabomu phambi kwabo laba basebenzi. "Qubula zasha!" Lezi ziqubulo uye uzizwe uma kwakhiwa imigwaqo namabhilidi. Lezi zinsizwa zisuke zishabasheka ngoba imfolomane ayivezi zinyo. Kukhala ipiki nefosholo kuphela. Kuyaye kube kubi ukubona umuntu edlula ngesivinini lapho kwakhiwa khona umgwaqo aze acishe alimaze noma akhiphe umphefumulo walabo abasebenzayo. Akanaki ngisho kunezimpawu zomgwaqo ezimxwayisayo ukuthi kunabasebenzi ngaphambili. Laba bantu bayaqhubeka ngesineke kungathi akonakele lutho.

Abasebenzi abahlukunyezwayo kufanele babike ngokusemthethweni eMnyangweni wezabaSebenzi ukuze amalungelo abo avikeleke. Labo baqashi abangawabhekeleli amalungelo abasebenzi babo bangayikhotha imbenge yomile uma bebanjwa. Ungaba umqashi noma umsebenzi kepha sonke singabantu. Asibabonge laba bantu.

***[Icashunwe ku-inthanethi, yabuye yahunyushwa yahlelwa kabusha]***

**UMBUZO 1**

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1 Ikhuluma ngani le ndaba? (1)

1.2 Nikeza inkinga eyodwa abasebenzi basezindlini abahlala nabaqashi ababhekana nayo . (2)

1.3 Yisiphi isenzo esibuhlungu esenziwa umqashi kumsebenzi uma efike sekushaye isikhathi? (2)

1.4 Gagula umkhuba omubi owenziwa indlu emnyama kubasebenzi basezindlini ngoba bencenge umsebenzi. (2)

1.5 Chaza lezizimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni. (4)

1.6 Chaza kafushane ukuthi bahluke ngani abasebenzi basezindlini abahlala nemindeni yabo kulabo abahlala nabaqashi babo? . (4)

1.7 Ucabanga ukuthi kunjani ukuba ngumntwana womzali ongumsebenzi wasendlini? Sekela impendulo yakho. (3)

1.8 Chaza isizathu esenza izingane zalaba basebenzi ziphumelele zidlule lezo zoma caphuna kusale. (2)

**[20]**

**UMBHALO B [OBUKWAYO]**

**Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese uphendula imibuzo.**

| A | B |
|---|---|
|  |  |
| **C** | **D** |
|  |  |

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.1. Nikeza imisebenzi EMIBILI ebalulwe ezithombeni ezingenhla ? (2)

2.2. Yibuphi ubungozi obubhekene nabasebenzi abasesithombeni B? (2)

2.3. Qhathanisa okufanayo okushiwo umbhalo A nokwenzeka ezithombeni ? (4)

2.4. Phawula ngokubaluleka komsebenzi owenziwa abasesithombeni sesine (D) (2)

**[10]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 3 [UMBHALO C OFUNDWAYO]**

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana **nobungozi obenziwa izidakamizwa emzimbeni womuntu** usebenzise amagama akho aphakathi kwangama-70 kuya kwangama-80.
2. Fingqa **ngesigaba.**
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**IZIDAKAMIZWA ZILIBULELE IZWE**

Intsha yakuleli isingene shi ezidakamizweni ezinhlobonhlobo. Lezi zidakamizwa yizona eziletha ubumnandi uma intsha ihlangene ezindaweni zokuzithokozisa. Kuqala bekukhalwa ngokuphuza kakhulu kwabafana manje namantombazane aselala avuke ngabo. Okubuhlungu kakhulu ukuthi intsha ayisagcini nje ngokuphuza utshwala kodwa isibuxuba nezidakamizwa ezahlukahlukene. Kukhona izidakamizwa ezifana newunga, i-mercedes, i-tik, kanye nezinye ezinhlobonhlobo. Lezi zingane ezizitika ngalezi zidakamizwa zize ziziteketise zizibize ngomgwinyo.

Lezi zidakamizwa azikhethi indawo lapho kumele zisetshenziswe khona. Uma kukhona ozalwayo ziyadliwa, kusemngcwabeni ziyadliwa, iPhasika noma uKhisimuzi alukho olwamahhala. Umkhuba omusha kulezi zinsuku yilowo wokwenza imicimbi yokubeka phansi amapeni bese kudliwa izidakamizwa. Lokhu kuvame ukwenzeka uma izingane seziqede ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka. Abafundi bahlanganisa imali yezidakamizwa bese beyokwenza umcimbi wokugeza amapeni. Kulo mcimbi akukho okunye intsha ezijabulisa ngakho ngaphandle kotshwala kanye nomgwinyo.

Okubuhlungu kakhulu yikho nje ukuthi sezithe chithi saka izindawo ezingamajoyinti ezidayisa utshwala emphakathini. Abanikazi bamajoyinti ababe besabheka ukuthi lo ozothenga utshwala uneminyaka emingaki inqobo nje uma eletha imali. Okubi kakhulu yila majoyinti asondelene nezikole. Izingane uzibona ziwuvanzi zehla zenyuka zithungatha indawo yokuzijabulisa ngezidakamizwa. Kwasho bani ukuthi ukuze ujabule kumele uphuze utshwala? Kusuke kungewona umcimbi uma ungazange unikeze abantu utshwala bese kuthi intsha iminye ukuze isheshe idakwe idlule abantu abadala. Utshwala lobu yibo obuvamise ukuvula intuba yezinye izidakamizwa.

Ukucabanga kwabantu abadle izidakamizwa akufani. Kukhona labo okuthi uma sebezidlile baphenduke amabhubesi. Ukubulala umuntu kubona kufana nokubulala impukane nje. Yibo laba abavamise ukwenza ubugebengu obunodlame. Badlwengula izalukazi, izingane abakhethi. Kubona ukucabangela abanye abantu into engekho ezingqondweni zabo. Kukhona nalabo abathi uma sebezidlile izidakamizwa zimane zibathothobalise, bahleke ubala ubathole sebegxaza amathe anganqandeki. Umuntu osheshe wangena ezidakamizweni kuba nzima kuye ukuba aziyeke. Ubungozi bazo ukuthi zisabalala nawo wonke umzimba angabe esakwazi ukuphila ngaphandle kwazo. Izidakamizwa ziyikhinyabeza kakhulu ingqondo yomuntu osemncane ngoba usuke engakakhuli ngokwanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.1 Ngabe kukhangiswani kulesi sikhangisi? (1)

4.2. Iyiphi indlela esetshenziswe umbhali walesisikhangisi ukuheha abathengi? (2)

4.3. Chaza ukuthi ubuso bomlisa osesithombeni buhambiselana kanjani nesiqubulo salesi sikhangisi. (2)

4.4. Iyini inhloso yokusetshenziswa kwenkundla yokuxhumana kulesi sikhangisi? (2)

4.5. Uyavumelana yini nombhali walesi sikhangisi uma ethi leli holidi elizotholakala uma uthenga lo mkhiqizo liyivela kancane? Sekela impendulo yakho ubhekise kulesi sikhangisi (3)

**[10]**

**UMBUZO 5**

Fundisisa kahle lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ukubekezela kwabasebenzi akunamkhawulo ngisho izingane zabaqashi **seziqhuba intwala ngewisa**. Ubusaphasapha zingcolisa kube sengathi akuqoqwanga endlini. Bathi noma bephekile kube khona ezikhononda ngokuthi zona aziyidli leyo nto.

Kwesinye isikhathi asukelwe nje umuntu omdala kuthiwe webe ukudla noma imali. Kuyenzeka bahlukunyezwe nangokocansi ngabaqashi babo kodwa bafele ngaphakathi okwebutho likaZulu, bengeke batshele muntu ngoba bevikela imisebenzi yabo.

Kubi ukubona umuntu omdala ebizwa ngegama ngenxa yokuthi uncenge umsebenzi. Lesi sihlava sesehlele ngisho nendlu emnyama. Izingane sezibabiza ngamagama abasebenzi basezindlini ngenxa yokuthi zizwa abantu abadala.

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Tomula ibizoqho kulesi siqeshana esingenhla | (1) |
| 5.2 | Nikeza igama eliphikisana naleli bizo : **omdala** | (1) |
| 5.3 | Gagula isabizwana esigabeni sokuqala bese usichaza | (2) |
| 5.4 | Hlahlela leli bizo: **izingane** bese ukhipha isiqalo kanye nesiqu. | (2) |
| 5.5 | Chaza lesi simo sokukhuluma : **ukuqhuba intwala ngewisa** | (2) |
| 5.6 | Yakha isaga ngebizo **umuntu** bese usichaza. | (2) |
| | | **[10]** |

**IMIKLOMELO ISIYONKE [60]**